

**NguMongameli
Dieter F. Uchtdorf**
Ikhangela Lesibili
KubuMongameli Bokuqala



Inkomfa kaWonke wonke — Asikho Isibusiso Esijwayelekile

Ilungu elihle leBandla lalikhuluma nomakhelwane owayengesiyo wenkolo yethu. Ngenkathi isihloko sengxoxo siguqokela kwinkomfa kawonke wonke, umakhelwane wathi, “Uthi ninabaprofethi nabapostoli? Futhi kabili onyakeni kwinkomfa emhlabeni wonke bembula izwi likaNkulunkulu?”

“Ngempela,” ilungu laphendula ngokuzethemba.

Umakhelwane wacabanga ngalokhu okwesikhasana. Wayebukeka enomdlandla futhi wambuza, “Babethini kwinkomfa yokugcina kawonke wonke?”

Kulesikhathi ilungu elilungile leBandla laya ekuzweni injabulo ngokwabelana ngevangeli lezwa lifikelwa amahloni. Ngokuzama okukhulu, azange acabange incazelo enabile yengxoxo neyodwa.

Umngane wakhe wathola lokhu kumphatha kabi wathi, “Uzongitshela ukuthi uNkulunkulu ukhuluma kumuntu kulesikhathi sethu futhi awukhumbuli ukuthi Ubethini?”

Umfo wazithoba ngenxa yalengxoxo. Wathembisa ukuthi uzozama kangcono ukukhumbula amagama akhulunywe yizinceku zeNkosi kwinkomfa kawonke wonke.

Siyazi sonke ukuthi kunzima kangakanani ukukhumbula umlayezo wonke wenkomfa kawonke wonke, futhi ngiyathemba ukuthi ngeke sizizwe sihlazekile ngoba singakhumbuli yonke into ekhulunywe. Noma kunjalo-ke, kunemilayezo kwinkomfa nenkomfa enikezwa njengesipho kanye nesibusiso esivela ezulwini

ikakhulukazi maqondana nezimpilo zethu.

Ukuzilungiselela inkomfa kazwelonke, make nginiphe imiqondo eyisisekelo emithathu engahle isincede ukuthola kangcono ukukhumbula, futhi nokusebenzisa amagama akhulunywe yizisebenzi zeNkosi.

1. Amalungu eBandla anelungelo lokwambulelwa njengoba belalela futhi befunda amazwi asikhuthazayo akhulunywa kwinkomfa kawonke wonke.

Njengoba ulungisela inkomfa kawonke wonke, ngiyanimema ukuba nicabange kanzulu ngemibuzo enifuna ukuthi iphendulwe. Isibonelo, ungahle ufune indlela kanye nokuboniswa yiNkosi maqondana neziselelo obhekene nazo.

Izimpendulo zemithandazo yakho zingezwa enkulumeni ethize noma ebuya kwimigqa ethile. Kwesinye isikhathi izimpendulo zingezwa ngezwi, umusho, noma iculo. Inhliziyo egcwele ukubonga ngezibusiso zempilo kanye nesifiso esiqinile sokuzwa nokulandela amazwi wokululekwa kuzolungisela indlela yesambulelo sakho.

2. Ungathathi kalula umlayezo ngoba ujwayelekile.

Abaprofethi njalo bafundisa ngokuphinda phinda, ngumthetho wokufundisa. Uzokuzwa impinda yesifundo kanye nakwinkomfa jikelele. Akengikunikeze isiqiniseko: lokhu akusikho ukuthi kungenxa yokuba nobuhlakani noma ukuziqambela. Siyaqhubeka ukuzwa

imilayezo ngezinto ezifanayo ngoba iNkosi isifundisa futhi igcizelela emiqondweni yethu nasezinhlizweni imithetho eminye eyisisekelo ebalulekile kakhulu okumele siyiqonde futhi sisebenzele phezu kwayo ngaphambi kokuba siyekwezinye izinto. Umakhi ohlakaniphile uqala ngokubeka isisekelo ngaphambi kokwakha ubonda kanye nophahla.

3. Amazwi akhulunyiwe kwinkomfa kazwelonke ingaba ikhampasi ekhombisa indlela kithina kulezinyanga ezizayo.

Uma silalela futhi silandela ukugqugquzeleka ko-Moya, lamazwi azosebenza njenge Liyahona, esiholela lapho singazikhona, kwinqanaba zezigodi nasezintabeni ezingaphambili (bona 1 uNifayi 16).

Selokhu kwaqala umhlaba, uNkulunkulu wabeka abaprofethi abakhuluma intando yasezulwini kubantu bangalesosikhathi. Kungumsebenzi wethu ukuba silalele beseke sisebenzisa imilayezo iNkosi esinikeze yona.

uBaba wethu waseZulwini onomusa futhi nothando akasikhohlwanga futhi angeke alahle izingane Zakhe. Namuhla, kanjalo nasezikhathi ezedlule, Wakhetha abaprofethi kanye nabaprofethi. Uyaqhubeka ngokwembula izwi Lakhe kubo.

Kuyithuba elihle kakhulu ukuzwa imilayezo ka-Nkulunkulu komunye nomunye ngenkathi yenkomfa kazwelonke! Make sizilungiselele kahle ukuthola lesibusiso esikhulu esingcwele sokuholwa esilethwe yizinceku Zakhe ezikhethiweyo.

Ngokuba lokhu akusona isibusiso esijwayelekile.

UKUFUNDISA OKUVELA KULOMLAYEZO

- Fundani isiqephu esibhaliwe ndawonye. Khuthaza umndeni ukuba uthole izinto okufanele bazilalele ngenkathi yenkomfa kawonke wonke.
- Ukusiza abantwana abancane basebenzise ukwelulekwa okunikezwe nguMongameli Uchtdorf, babonise ishadi Lababingeleli Abanegunya (itholakala kwimagazini yenkomfa i *Liyahona*). Bazise ukuthi ubuMongameli Bokuqala kanye neKhoramu yabaPostoli beshumi nambili bazobe bekhuluma kwinkomfa kawonke wonke. Khuthaza izingane ukuba zilalele inkomfa futhi badwebe umfanekiso ukusiza bona

ukuba bakhumbule ngalokho abakufundile. Abazali bangavakashela conferencegames.lds.org imidlalo eminingi yenkomfa yezingane.

INTSHA

Kuhle, Kungcono, Kuhle kakhulu

Ngu Mary-Celeste Lewis

Enkulumeni yenkomfa kawonke wonke kaOktoba 2007, Igosa uDallin H. weKhoramu yabaPostoli Abayishumi Nambili wakhuluma ngemisebenzi “emihle, engcono futhi emihle kakhulu.” Uma efika kwingxenywe lapho ukhuluma ethi “izingane ezinohlelo olumatasatasa kakhulu,” Nganyakaziswa amahloni esihlalweni sami.

Ngangazi ukuthi bangenza ngokweqile. Ngangisemidlalweni yesikole, ngithatha amaklasi anenselele esikolweni, futhi ngikhona nakweminye eminingi imisebenzi. Bengingasayi kwimisebenzi Yamantombazane ngokuthembeka, futhi njalo ngeSonto ngangixineka ngizama ukuqeda umsebenzi wasekhaya ngomzuzu wokugcina. Ukuvivinya umculo kanye nokushicilela iphephandaba lesikole kwakungalethi njabulo kimi kodwa sekungumsebenzi.

Inkulumo kaGosa uOaks yangenza ukuba ngibhekisise kahle uhlelo lwami. Imisebenzi yami yayimihle, kepha yayiminingi kakhulu yona. Kwakufanele ngikhethe okwakungcono ngempela. Njengoba ngangizama ukucabangisisa ukuthi yimiphi imisebenzi okufanele ngiyiyeke, ngabona ukuthi ivangeli likaJesu Krestu lalingcono liphambili kunozi zonke lezinto engangizenza. Ngabeka umthandazo kanye nokufunda umbhalo ongcwele phezu kuluhla, futhi kusukela lapho, impilo yami yahamba bushielelezi kakhulu.

Igosa uOaks wangifundisa ukuthi uma senza lokho iNkosi ifuna sikwenze *kuqala*, konke okunye kuyohleleka kahle. Uma ngifunda imibhalo ngaphambili kokuba ngidlale imidlalo noma ngaphambi kokuba ngenze umsebenzi wasekhaya, konke okunye okubalulekile kuzo kwenzeka. Ngenkathi ngibeka impilo yami duzane neNkosi esikhundleni sokongeza Yena kamuva, impilo yami yanda ngoxolo kanye nempumelelo.

Manje sengiqaphele ukuba ngilalele izaluleko nikezwa kwinkomfa kawonke wonke!

Ngingathola izimpendulo ngeNkomfa Kawonke wonke

UMongameli uUchtdorf usifundisa ukuthi uma uca-
banga ngemibuzo eminye ngaphambi kwenkomfa
kawonke wonke, iNkosi ingakhuluma nawe ngabapro-
fethi Bayo kanye nabapostoli ngesikhathi senkomfa.

1. Njengomndeni noma iklasi, xoxa ngalokho ofuna ukukufunda uwedwa noma nabanye. (Isibonelo: Ngingakhulisa kanjani ubufakazi bami?)

Ngingaxazulula kanjani nenkinga enginayo esiko-
leni?) Engxenyeni yephepha noma kwijenali yakho,
bhala phansi imibuzo.

2. Emavikini angaphambili kwenkomfa, ungacabanga futhi uthandaze ngalemibuzo.
3. Lalela ngokuqaphela ngesikhathi senkomfa (kungakusiza ukuba ubhale phansi amanothi). Bese ubhala ukuthi iNkosi—ngokwabaholi bebandla—iphendula kanjani imibuzo.
4. Kwenye ingxenye yephepha, ungadweba isithombe sakho wenze lokho okufundile.



Ukholo • Umndeni • Inkululeko

Ukuqinisa Imindeni ngokuKhulisa ngoKomoya

Funda lomlayezo futhi ngokufanelekile, xoxa ngawo nalabo dade obavakashele. Sebenzisa lemibuzo ukusiza ukuqinisa odade bakho nokwenza Inhlango Yomame Yenkululeko ibe yingxenye ebalulekile empilweni yakho.

UJulie B. Beck, umongameli jikelele Wenhlango Yabesimame Ekhululekile wathi: “Kukhulile ngaphakathi kimi ubufakazi obukhulu kokubaluleka kwamadodakazi ka-Nkulunkulu. . . . Ngezwa ukuthi akuzange kubekhona isidingo esikhulu ekukhuliseni ukhoho futhi nobulungiswa bomuntu. Akuzange kube khona isidingo esikhulu sokuba nemindeni kanye namakhaya aqinile.”

Odade bangasiza ekwakheni amakhaya kanye nemindeni eqinile njengoba benza lokho abambulelwa kona. “Ikhono lokuba uvumeleke, uthole, futhi wenze lokho okwambulelwe kona, yikhono elilodwa elibalulekile kakhulu elingatholakala kulempilo,” uyaqhubeka Udade uBeck. “Ukuvumeleka ukuba noMoya weNkosi kuqala ngokuba ube nesifiso salowoMoya futhi sidinga ingxenye ethile yobulungiswa. Ukugcina imiyalelo, ukuguquka, kanye nokuvuselela izivumelwane ezenziwe ngenkathi ubhahadiswa kuholela ekubusisweni njalo uMoya weNkosi ukuthi ube nathi. Ukwenza nokugcina izivumelwano kugcwalisa amandla kamoya kanye namandla empilweni yowesifazane. Izimpendulo eziningi emibuzweni elukhuni zitholakala ngokufunda imibhalo engcwele ngoba imibhalo engcwele iwusizo kwisambulo. . . . Umthandazo wezi-nsuku zonke ubalulekile ukuze sibe

noMoya weNkosi kithina.”¹

Futhi siyakhulisa amalungu ethu omndeni ngokomoya njengoba sibasiza ukuthi baqonde iplani engunaphakade kaBaba wethu Wasezulwini. “Singenzenjani ukulungiselela kangcono izingane zethu ngokomoya ngezindima zabo zaphakade?” buza Igosa u M. Russell Ballard weKhoramu Yabapostoli Beshumi Nambili. “Mhlawumbe impendulo egcwele yilena: Bafundise ukuthi baphile kanjani imithetho yevangeli.” Lemfundiso ivela ngomthandazo wansuku zonke, ukufunda umbhalo ongcwele, futhi nesikhathi sesidlo somndeni kanjalo nobusuku basekhaya bomndeni beviki kanye nokuya eSontweni. Igosa uBallard uyachaza: “Siyazilungiselela nsuku zonke, njengamanje, kwimpilo yaphakade. Uma singazilungiseleli impilo yaphakade, sizilungiselela okuncane kunalokho, kwesinye isikhathi okuncane kakhulu kunalokho,”²

Kuvela Embhalweni Ongcwele

Izaga 22:6; 1 uJohane 3:22; Imfundiso neZivumelwano 11:13–14; 19:38; 68:25

Kuvela Emlandweni Wethu

Umprofethi uJoseph Smith wafundisa odade ngoApril 1842 kumhlango Wenhlango Yabesimame Ekhululekile ukuthi kufanele benze isibopho ngkuzotha ukuba bafune

insindiso yabo. Wathi, “Emva[nyami] kwemiyalelo, nizokuziphendulela ezonweni zenu; kuyinhlonipho efunekayo ukuthi nihambe ngalendlela ngaphambi kobuso bukaBaba wethu wasezulwini ukuze nizisindise; sonke kufanele sithembeke kuNkulunkulu ngendlela esenza ngcono ngokukhanya kanye nobuhlakani obunikezwe yiNkosi yethu ukuze sikwazi ukuba sizisindise.”³ Wabafundisa ukuthi babe ngabalungileyo, babe ngabantu abangcwele, nokuthi bazilungiselele imithetho kanye nezivumelwano.

AMANOTHI

1. uJulie B. Beck, “Ngaphezu Kwezincekukazi Kulezozinsuku Ngizakuthela Umoya Wami,” *Liyahona*, uMeyi 2010, 10, 11.
2. M. Russell Ballard, “Ukukhula Ngokomoya,” *Ensign*, Nov. 1978, 65, 66.
3. *Imfundiso yaboMongameli beBandla: uJoseph Smith* (2007), 64.

Ngingenzenjani?

1. Ngingenzenjani ukusiza odade bami ukuba bakhulise ukuzethemba ngokomoya?
2. Ngingenzenjani ukwenza ngcono ulwazi lwami ukuze ngibone futhi ngenze lokho engikutshelwa nguMoya oyiNgcwele?

Ukuthola ulwazi oluningi ngalokhu, iya ku www.reliefsociety.lds.org.